

Isobezwe
24 November 2020
Page 21

Bahamba bahlala abadilikelwe yindlu liyidiva

THANDUXOLO MKHIZE

NZIMA impilo emndenini wakwaNtini, eTafelkop, eNgonyameni, eMlaza, osekuphele izinsuku ungenakhaya, ngemva kokudilikelwa yindlu ngesonto eledlule ngesikhathi kunemvula enamandla. Sebethala ngokuhamba belala komakhalwane. Bakhala ngokuthi okubazwisa ubuhlungu kakhulu ngokuthi lolu daba balubika ekhanseleni le-ward abakhele kuyo u-ward 10 kepha akukaze kufike muntu ezohlola

umonakalo owenzeka khona ukuze bezothola usizo.

UNksz Thandi Ntini, oyilungu lomndeni, uthe babona ukuthi bazogcina bedlela uKhisimusi emaqeleni njengoba bedilikelwe.

“Singajabula kakhulu noma sesingathola indlu yokubambisa okwamanje njengoba sekusondela isikhathi samaholidi futhi asifumi ukuhlupha omakhelwane njengoba nabo bezofuna ukuchitha isikhathi samaholidi behleli nemindeni yabo.

“Kubuhlungu kuthina njengomndeneni ngoba lo muzi



IKHAYA lakwaNtini eTafelkop, eNgonyameni, eMlaza, elisale linje ngenxa yemvula yangesonto eledlule
Isithombe: SITHUNYELWE

odilikile ubuyikhaya kithina futhi akukho lapho esingaya khona, njengoba impilo yethu yonke sikhule kuyikhaya lethu leli.” kusho uNksz Ntini.

Kuthintwa ikhansela lendawo uMnuz Mbuseni Mkhize ucingo beluvaliwe kanti nomlayezo athunyelelwe kuwo kwi-voicemail

ugcine engawuphendulanga.

Okhulumela uMasipala, uMnuz Msawakhe Mayisela, uthe kade bengakabikelwa ngalolu daba kodwa bazothumela ithimba elizohamba liyophenya liphinde libheke umonakalo owenzekile.

“Sicela ukukhumbuzisa kubahlali abakhele kumasipala

wethu ukuthi babike ophikweni lwezinhlekelele kumasipala uma kunomonakalo okhona ku- 031 361 0000 ukuze usizo luzothunyelwa ngokuphuthuma” kusho uMayisela.